



Iwela umfula ugwele
Isolezwe

TERTIARY Ψ π TIMES

Ziyabuya ngokuthuthukiswa kwengqalasisinda nezakhiwo

I-UNIVERSITY of Zululand (i-UNIZULU) isembidlangweni omkhulu wokuthuthukisa ingqalasisinda, okuzoxazulula izinkinga ezinkulu kuyibeke endleleni efanele lapho kuzofundwa futhi kufundiswe khona.

Ukuthuthukiswa nokunakwa kwengqalasisinda selokhu kwama kusukela ngo-2013. Ekuqaleni kuka-2019, uDkt Naledi Pandor, uNgqongqoshe wezeMfundo ePhakeme nezokuQeqesha, wagcwalisa ukuthi uzokweseka ukuthuthukiswa kwengqalasisinda, wazibophezela ekujubeni ithimba lochwepheshe elizophuthumisa lo msebenzi.

Waphinde wazibophezela ekwesekeni inyuvesi emkhankasweni wayo ukuthi iphinde ibe yisikhungo sokufundisa esisezingeni elicokeme. Ekuqaleni kukaMashi kufike ithimba longoti



bemikhakha ehlukeni, lijutshwe wumNyango wezeMfundo ePhakeme, lahlala izinsuku ezimbili enyuvesi.

Ngemva kwalokho, sekufike amathimba ehlukeni ongoti izinsuku ezimbili kwaze kwaba kathathu. Kuhlalele okunye ukufika kwala mathimba ezokweseka futhi acije phakathi

kuka-Ephreli noJulayi.

Lokhu kubambisana kuzohlela ekusayinweni kwesivumelwano sokusebenzisana phakathi komNyango wezeMfundo ePhakeme ne-UNIZULU. Luzolawula usizo inyuvesi ezoluthola eminyakeni emithathu ezayo, ezobonakala

ngemisebenzi ehlukeni yokuthuthukisa ingqalasisinda.

UmKhandlu weNyuvesi nabaphathi baluthakasele usizo lomNyango wezeMfundo ePhakeme nolukaNgqongqoshe. Ukuqinisa ukucijwa kwabantu enyuvesi nokugxilisa ukuthuthukiswa kwengqalasisinda kulo hambo olusha, inyuvesi ibeke abaqondisi ababili, uMusa Mfusi, umQondisi wakwa-Physical Planning: Maintenance and Operations noMalindi Xala, umQondisi wakwa-Physical Planning: New Built.

Inyuvesi ibone izinto ezimqoka eziyisithupha ngo-2016 kuya ku-2021. Phakathi kwazo, singabala ukusheshiswa kokuthuthukiswa kwengqalasisinda.

U-Vice-Chancellor wase-UNIZULU, uSolwazi Xoliswa Mtose, uthe: "Ukutshala imali nezinye izinsiza kwengqalasisinda yezikhungo

zempendo ephakeme kuwukuhlwaneyela kwikusasa labafundi nabacwaningi baseNingizimu Afrika bangomuso. Ukuphucula izakhiwo zasemanyuvesi, nalapho kwenzeka khona izinto ezintsha kuzozala intuthuko eminyakeni eminingi ezayo."

Usizo lomNyango wezeMfundo ePhakeme luzoqhubela phambili ukuthuthukiswa kwengqalasisinda e-UNIZULU, luqinise izinhlelo ezifuzwe uhlaka lwezakhiwo zasemanyuvesi, phecelezi i-University Spatial Framework, esimweni sezakhiwo zophiko lwaKwaDlangezwa nolwase-Richards Bay zibukeke ziyisikhungo esifanele ukukhiqiza abaholi bomphakathi.

Kuzokwaziswa ngezinye izinhlelo zentuthuko yengqalasisinda nosizo lomNyango wezeMfundo ePhakeme eziqhubekayo.

Owase-UNIZULU uqokwe wungqongqoshe ukuba sekhaleni lemisebenzi kagesi owongayo

OFUNDISA e-University of Zululand (e-UNIZULU) emNyangweni we-Chemistry wesese ngemva kokuqokwa wuNgqongqoshe wezeSayensi nezobuChwepheshe (i-DST), uNkk Mmamoloko Kubayi-Ngubane, ukuthi abe sethimbini labayisithupha elizohola imisebenzi yaseNingizimu Afrika kagesi owonga amandla nongangcolisi.

UDkt Linda Liganiso uzobambisana nomele i-Council for Scientific and Industrial Research, ababili base-Stellenbosch University nababili base-DST.

UDkt Liganiso akumumangalisanga ukuqokwa kwakhe. "Sengike ngasebenzisana ne-DST kaningana emisebenzini eminingi njalo uma ngesu lokuyizisa yenze umsebenzi wayo. Ngihlale ngibeka phambili lokhu okungasiza uhulumeni waseNingizimu Afrika ukufeza umsebenzi wawo.

"Eminyakeni edlule



UDkt Linda Liganiso, ogqoke ingubo ensundu nokumnyama, ngenkathi bevakashela eNdiya, lapho yena nethimba laseNingizimu Afrika babehlangene nabalingani babo ukuzobhunga ngemisebenzi yamandla kagesi owongayo.

bekungithokozisa ukwenza imisebenzi yayo (i-DST) ngezindlela ezintsha nemikhikizo emisha ukulekelela ukuphucula isimo somnotho sezwe. Ukuxazulula izinkinga ngokwesayensi, kuyangichaza," kusho lesi sifundiswa.

Lo muntu ozifela ngesayensi ukholwa wukuthi uneqhaza elimqoka ukusiza iNingizimu Afrika ishintshele emnothweni

ongakhiqizi izinto ezingcolisayo. "Ngiyojabula mhla ngakwazi ukukhomba into engiyenzile ukusiza umNyango wezeSayensi nezobuChwepheshe, emgomweni wawo wokuhlaza iNingizimu Afrika," kusho yena.

Kufana naye uDkt Liganiso ukuthi useke wenza imisebenzi eminingi ethinta amandla owongayo kagesi. Ngasekuqaleni kuka-2019, uMengameli Cyril

Ramaphosa noNduankulu waseNdiya u-Narendra Modi baba nezingxoxo, lapho bavumelana khona ukuqinisa amaxhama okuxhumana.

Ngemva kwalowo mhlango i-Indian Institute of Technology yase-New Delhi, eNdiya, yavuma ukubambisana neNingizimu Afrika ukuphuthumisa ucwaningo nentuthuko endimeni yezamandla owongayo kagesi.

Lokho kwalandelwa yithimba laseNingizimu Afrika, ayekhona kulo uDkt Liganiso, elavakashela eNdiya ukuyolandisa ngesimo samanje kwezamandla owongayo kagesi, amathuba nezingqinamba ekutheni lo mkhakha usimame.

Nethimba laseNdiya lenza izethulo ngezihloko ezifanayo, kwathi emva kwalokho kwabonakala okusilele nalokho okungabanjiswa kukho phakathi kwala mazwe. Kunezinhlelo zokusheshisa ukuphehlwa nokugcinwa kwamandla owongayo kagesi.

Esifundeni saKwaZulu,

uDkt Liganiso ubesequlwini ekusebenzisaneni phakathi komNyango we-Chemistry wase-UNIZULU noMasipala uMhlathuze, okuwukusiza amasipala ucwaninge ngamathuba empumelelo okuphehla ugesi embonini kamasipala yokukhuculula udoti.

Isigaba sesibili wukuphambisa izihluzi zegesi eyongayo ezosebenza ukuhlanza amanzi ukukhiqiza ugesi owongayo nongangcolisi imvelo.

Ngomuso uDkt Liganiso uthe umNyango we-Chemistry uhlose ukukhiqiza ubuchwepheshe obusebenzisa amandla elanga ukukhiqiza ugesi owongayo.

Uthe i-Richards Bay ngenye yezindawo ezishisa kakhulu eNingizimu Afrika, ngakho-ke lokho kushisa kungaguqulwa kalula kube wugesi ngobuchwepheshe obusebenzisa amandla elanga.

Umsebenzi walolu hlobo ungasadala amathuba omsebenzi amaningi esifundeni saKwaZulu.

UKUGQUGQUZELEKA KABUSHA

UKUHLUMELA KABUSHA

UKUVUSELELEKA KABUSHA

UKUZIGQAJA NGOBU UNIZULU



Joyina ikhasi lethu kuFacebook uphinde usilandele kuTwitter

www.unizulu.ac.za

I  UNIZULU



UNIVERSITY OF ZULULAND
INYUVESI YAKWAZULU

Kuhlalele kabusha
ukuhambisana nesimanje



Iiwela umfula ugqwela
Isolezwe

TERTIARY Ψ π TIMES

Ubambiswano lwamanyuvesi amazwe amabili kwezomhlaba

I-UNIVERSITY of Zululand (i-UNIZULU), ngomNyango we-Consumer Science kwi-Faculty of Science and Agriculture, ibambisene nenyuvesi yaseYurophu i-University of Sweden ukusungula isithangami esizothola isisombululo sezinkinga ezixake umhlaba.

I-South Africa Sweden University Forum (i-SASUF) ixhumanisa womabili amanyuvesi nezikhungo zosizo lwemali, izimboni neminyango eyenza umsebenzi wokugcwalisa izinhloso zentuthuko zeNhlangothi yeZwe, phecelezi United Nations Sustainable Development Goals.

Igatsha lesithangami lase-UNIZULU liholwa wuSolwazi Unathi Kolanisi, uqweqwe lwesifundiswa neBamba lePhini ka-Dean womKhakha wezeSayensi nezoLimo; uDkt Neil Evans womuKhakha wezobuCiko; uDkt Nkanyiso Mbatha womKhakha wezeSayensi nezoLimo;



USolwazi Unathi Kolanisi, iBamba lePhini ka-Dean womKhakha wezeSayensi nezoLimo, ungomunye wabagqunguzeli be-South Africa Sweden University Forum, inhloso yayo ewukubhekana nezingqinamba zomhlaba.

uMammusa Lekoa, iMenenja yokuSebenzisana noMphakathi; uSolwazi Evelyn Madoroba womKhakha wezeSayensi nezoLimo noNothile Ndimande womKhakha wezeSayensi nezoLimo. USolwazi Nhlangothi Mlitwa, uMqondisi wakwa-Research and Innovation, ubambisene noSolwazi Kolanisi ukuqinisekisa ukuthi kuyaqhubeka ukuxhumana

nokuxoxisana ngalesi sithangami. Amanyuvesi angabalingani ahlangothi minyaka yonke engxoxweni yomhlaba ye-SASUF. Lo mcimbi uqondana ne-UNIZULU Research and Innovation Week minyaka yonke. Ngaphambi kokuhlangana, amanyuvesi abambe iqhaza kufanele ahlele imicimbi ethinta izihloko

eziqondene nawo ukulungiselela i-Research and Innovation Week.

I-SASUF yase-UNIZULU inesiqubulo esithi siphila kanje. Ithimba layo likhethe izindikimba ezinhlangothi ezidinga ukubekwa eqhulwini lalo mkhankaso. Kuzona kubalwa uguquguquko lwesimo sezulu; amagugu emvelo nekusasa lawo; ukushintsha inhlobo yomphakathi ngolwazi nezindlela zokuthuthukisa umphakathi; ukuqonda umthwalo wezifo e-Sweden naseNingizimu Afrika nomphumela wawo ohlelweni lwezempilo lwala mazwe womabili; ubuchwepheshe bokuxhumana ngokushesha nokuphepha kwakho nokuphenduka kwezindawo zibe ngamadolobha nendlela yokuhamba yesikhathi sesimanje.

Ngemva kwempumelelo yomcimbi omncane ngo-2018, igatsha lase-UNIZULU lesithangami lizimisele

ukuthi umlenze wango-2019 womcimbi ube mkhulu ngaphezu kwalokho, ngefestiveli ethi inandisa kodwa ibe iqeda isizungu, ezoba yisigcawu sombukiso kubantu bendawo lapho bezokhangisa ngezinto abaziphilisa ngazo nosomabhizinisi abasafufusa emikhakheni yezolimo, ezobuciko, ezikaqedisizungu, imfashini, ukudla, imidlalo yeshashalazi nomculo nezinye izinto ezinjalo.

Phakathi kwezinjongo zesithangami sase-UNIZULU sokuhlela ifestiveli wukukhuthaza ubunye bezinhlanga nokuqinisa ukulwa nokucwaswa kwabantu; ukuvikela iminoto yendabuko nokunika imiphakathi ithuba lokusungula ubudlelwano bokusebenzisana nokuqwashisa umphakathi ngoguquko kwezomnotho.

Ifestiveli ihlelwe iSonto lomhla ka-5 Meyi emini bebade eKing Bhekuzulu Hall ophikweni laKwaDlangezwa e-UNIZULU.

Abafundisa iSayensi yezokuXhumana bayimele kahle i-UNIZULU eMalaysia

UMNYANGO weSayensi yezokuXhumana wase-University of Zululand (e-UNIZULU) udlule ubhedu kwi-5th World Conference on Media and Mass Communication 2019, ebiseKuala Lumpur, eMalaysia.

I-UNIZULU ibibambisene namanyuvesi amaningi okubalwa kuwo i-Dhurakij Pundit University yaseThailand, iPetra Christian University yase-Indonesia ne-Universitas Atma Jaya Yogyakarta. Le ngqungquthela ibibanjwe ngokuhlanganyela yi-Universiti Teknologi Mara yaseMalaysia, i-University of Rome Tor Vergata ne-Xiamen University yaseMalaysia.

UmNyango wezeSayensi yokuXhumana ubumelwe wuDkt Kevin Naidoo, oyinhloko yomnyango, nabalingani bakhe oDkt Reggy Metso, Dkt Mike Reddy, Nthabiseng Makhutla noSolwazi Hemduth Rugbeer



Ithimba lomNyango wezeSayensi yokuXhuma, kanye nabalingani babo baphesheya, ngenkathi liyomela inyuvesi kwi-5th World Conference on Media and Mass Communication 2019, esanda kuba seMalaysia.

noDkt Yasmin Rugbeer, onguMqondisi wezokuFundisa nokuFunda. UDkt Naidoo uthe

kube yisifundo ukuya engqungqutheleni. "Sifunde kakhulu ohlotsheni lwabantu abehlukene akade bekhona

nezinga locwaningo olwethuliwe," kusho yena. Lezi zifundiswa zethule, zaphinde zabelana nabalingani

bazo ngezindlela zocwaningo nezindlela okwenziwa ngayo kulo mkhakha, okuthakaselwe kakhulu ngabalingani bazo. UDkt Naidoo, owethule isihloko esithi Using Social Media: Innovative Teaching and Learning Tool in Public Schools, uklonyelise ngesethulo esivelele kule ngqungquthela. Ithimba lase-UNIZULU lithole ithuba lokushicilelwa ebhukwini lemibhalo yocwaningo i-SCOPUS, laphinde lathola ithuba lokuhlala eKomitini lezeSayensi nethimba labehluleli.

Ngeqhaza lalo engqungqutheleni, ithimba lase-UNIZULU liphakamise igama lenyuvesi nelomNyango wezeSayensi yokuXhumana emehlweni omhlaba. Lolu hambo luqinise namaxhama okuxhumana nokubambisana ocwaningweni nenyuvesi enkulukazi eMalaysia, i-Universiti Teknologi Mara.

UKUGQUGQUZELEKA KABUSHA

UKUHLUMELA KABUSHA


UKUVUSELELEKA KABUSHA

UKUZIGQAJA NGOBU UNIZULU



Joyina ikhasi lethu kuFacebook uphinde usilandele kuTwitter

www.unizulu.ac.za



UNIZULU



UNIVERSITY OF ZULULAND
INYUVESI YAKWAZULU

Kuhlelwe kabusha ukuhambisana nesimanje